

INKAMBISO YESONTO

1. Ukuba kugcinwe uhlelo oluhle esontweni likaKristu, kufanele kube-khona izikhundla, imihlangano, ukubheka imfundiso, amaSakramente, imikhuba, isibuyiso; konke lokhu kuzophathwa ngenzansi ngokulandelana.

ISIAHLUKO I IZIKHUNDLA

2. Kukhona izikhundla ezine eziyilezi: esezikhonzi zeZwi, esawoProfesa beKholiji leTheology, esababonisi, esamadikoni.

ubizo lwesikhonzi seZwi

3. Akekho onelungelo lokuphatha inkonzo yeZwi neyamaSakramente engabizelwanga kuyo amukelwe ngokomthetho.

ukukhethwa kwezifunda nezikhonzi zeZwi

4. Ongakangeni enkonzweni yeZwi uyabizwa amukelwe ngomthetho kanje ngemva kokuba esehloliwe ngokulungisela (preparatoir) yiklasisi ahlala kulo.

ukukhethwa kwakhe: emva kwemikhuleko efaneleyo sekukhona ukukhetha okwenziwa ngumkhandlu kanye namadikoni njengokwenza kwaleyondawo noma njengokuba kuhlelwe ngumkhandlu; emabandleni anesikhonzi seZwi esisodwa kucelwa iseluleko seklasisi noma iseluleko somfundisi osizayo omiselwe okunjalo yiklasisi.

ukuhlolwa kwakhe: iklasisi elizovumela ubizo lwakhe liyamhlola ngokuphuthula (peremptoir) ngemfundiso nenkambo obiziweyo okwenzeka futhi ngeseluleko sezithunywa zesenodi lesifundazwe.

imvume yamalunga ebandla: imvume yamalunga ebandla elimbizile itholwa kanje: nxa kungethulwa izikhalo zempela ngemva kokuba igama lobiziweyo limenyezwe ebandleni kungabi-ngaphansi kwamaSonto amathathu.

ukugcotshwa kwakhe: sekulandela ekugcineni ukugcotshwa kwakhe okusobala ngohlelo olufaneleyo phambi kwebandla, izithunywa zeklasisi zikhona.

5. Ubizo lwesikhonzi seZwi esibizwa ngelinye ibandla phakathi kwenhlanganyelo yamabandla luhamba kanje.

ukukhethwa kwakhe: emva kwemikhuleko efaneleyo sekukhona ukukhetha okwenziwa ngumkhandlu kanye namadikoni njengokwenza kwaleyondawo noma njengokuba kuhlelwe ngumkhandlu; futhi ngokwezimiso eziyayelekile eziqondene nabefundisi abanokubizeka abakhonzile ngaphandle kwamabandla eReformed aseSouth Africa; emabandleni anesikhonzi seZwi esisodwa kucelwa iseluleko seklasisi noma iseluleko somfundisi osizayo omiselwe okunjalo yiklasisi.

imvume yamalunga ebandla: imvume yamalunga ebandla elimbizile itholwa kanje: nxa kungethulwa izikhalo zempela ngemva kokuba igama lobiziweyo limenyezwe ebandleni kungabi-ngaphansi kwamaSonto amathathu.

ukuhlolwa kwezincwadi: umkhandlu uhlelo kanye nezithunwa zeklasisi zizincwadi ezifakazela imfundiso nenkambo kanye nokukhululwa kobiziweyo.

ukugcotshwa kwakhe: sekulandela ekugcineni ukugcotshwa kwakhe okusobala ngohlelo olufaneleyo phambi kwebandla, izithunywa zeklasisi zikhona.

izikhonzi ezingaphandle kwamabandla

6. Asikho-sikhonzi seZwi esingangena emsebenzini wombuso wezwe noma wesifunda noma wezimiso zesihawu noma komuphi umsebenzi, singakatholi imvume noma samukelwe ngamaphuzu angenhla enKambiso yeSonto; futhi siphansi kwayo njalo njengezinye izikhonzi.

indawo yokuhlala yesikhonzi

7. Obizelwe inkonzo yeZwi yibandla noma yiliphi, kufanele ahlale khona lapho kulo; lokhu akumbophi uma ethunyelwe kwenye indawo ukubutha amabandla.

abangafundanga eKholishi lobufundisi bangangena kanjane enkonzweni?

8. Ongafundile akamukelwa enkonzweni yeZwi. Nokho uyamamukeleka buqotho benkolo, ukuzithoba, izinhloni, umqondo ohluzekile, isiphiwo sokuhlukanisa nesobuqaphuqaphu.

Uma onjalo eziveza, iklasisi liyamhlola nxa livuma isinodi lesifundazwe. Ngemva kokuba esephumelelile, angenza izintshumayelo njengemfunda azishumayele isikhathi esithize. Iklasisi bese limenzela njengokuba libona kufanele.

abavela ngaphandle

9. Abashumayeli abavela kwamanye amasonto noma kuliphi iqembu, abamukelwa enkonzweni yeZwi ngaphandle kokuba baqashelwe kahle bavivinywe isikhathi esithize.

ukushintsha ibandla

10. Isikhonzi seZwi esesibiziwe ngomthetho, singeshiye ibandla esihlanganiswe nalo, samukele ubizo oluvela kwenye indawo, singenamvume yomkhandlu kanya namadikoni neyeklasisi.

Ngokunjalo alikho ibandla elingamamukela onjalo engakavazi incwadi yokukhululwa ebandleni naseklasisini lapho ebekhonza khona.

isondlo sesikhonzi seZwi

11. Umkhandlu njengokuba umela ibandla, ufaneele ukusekela izikhonzi zawo zeZwi ngesondlo esikahle. Umkhandlu awuvunyelwe futhi ukugodla isondlo sazo noma ukuzikhipha enkonzweni yazo lingazi iklasisi noma kungekho imvume yalo neseluleko sezithunywa zesinodi lesifundazwe.

ukuthatha omunye umsebenzi

12. Njengoba isikhonzi seZwi esabizwa ngomthetho, sihlangene nenkonzo yebandla yonke impilo yaso. asivunyelwe ukuthatha omunye umsebenzi ngaphandle kwezizathu ezinkulu: ngumkhandlu neklasisi okuzonquma ngazo nangeseluleko sezithunywa zesinodi lesifundazwe.

ukuphunyezwa kwesikhonzi seZwi

13. Uma ngabe isikhonzi seZwi singasakwazi ukoyenza inkonzo yaso ngombono womkhandlu nemvume yeklasisi neseluleko sezithunywa zesinodi lesifundazwe, ngokuguga noma ngesifo noma ngesinye isizathu, sisageina nokho inhlonipho negama lomfundidi; ibandla esilikhonzile lisafanele limondle ngendlela eqotho.

ukuyeka okwesikhashana inkonzo

14. Isikhonzi seZwi esifanele ukuyeka isikhashana inkonzo yaso ngesifo noma ngesinye isizathu, sidinga imvume yomkhandlu neseluleko seklasisi, ngaso sonke isikhathi sisahlezi siphansi kobizo lwebandla.

15. imvume yokushumayela
Isikhonzi seZwi singeshumayele singemkelise amaSakramente kwelinye ibandla singenayo imvume yalo. Futhike oyeka inkonzo yebandla lakhe noma ongagcotshwanga enhlanganyelweni yamabandla, angeshumayele nomaphi ngaphandle kwemvume yeklasisi noma eyesinodi lesifundazwe.

16. isikhundla sezikhonzi zeZwi
Isikhundla noma umsebenzi wezikhonzi zeZwi yilona ziqinisele emikhulekweni nasenkonzweni yeZwi neyamaSakramente. ziqaphele abazalwane abangabefundisi kanye nabo, nababonisi namadikoni nebandla, ngokokugcina ziphethe isibuyiso sesonto kanye nababonisi zibone ukuthi konke kwenziwe ngohlelo oluhle nangobuqotho

17. ukulingana komsebenzi wezikhundla
Umkhandlu webandla elinezikhonzi zeZwi ezimbili noma ngaphezulu, mawubone ukuthi ziphathwa ngokufanayo emisebenzini yazo nakukho konke ngokungenzeka; kungacelwa iseluleko seklasisi nxa kudingekile. Lomthetho wokulingana mawugcinwe futhi ngababonisi namadikoni.

18. oProfesa
Umsebenzi woProfesa beKholiji leTheology ungokufundisa abayokubayizikhonzi zeZwi nokuchaza umBhalo oNgcwele nokuvikela imfundiso yeqiniso kuzo izimfundisoze nezeducisayo

20. ukondliwa kwabafelokazi nezintandane
Uma ngabe kushona isikhonzi seZwi, ibandla esilikhonzile lifanele ukondla umfelokazi nezintandane ngenhlonipho Inhlanganyelo yamabandla mavenze njalo mayelana nabafelokazi nezintandane zoProfesa beKholiji leTheology.

21. imfundo yabantwana
Imkhandlu mayiqikelele ukuthi abazali bazamele abantwana babo imfundo yesikole ekumesabeni uJehova

22. ukukhetha ababonisi
Ababonisi bakhethwa yibandla phansi kwesandla somkhandlu njengokwenza kwaleyondawo noma njengokuba kuhlelwe ngumkhandlu.
Yilowo nalowomkhandlu unganika amalunga ebandla ithuba lokuphakamisa abalungele umsebenzi: umkhandlu kanye namadikoni ungabeka phambi kwebandla ababonisi njengomumo ofunekayo baze bavunywe yibandla; noma umkhandlu ubeke ebandleni abazalwane ngababili, ibandla likhethe omunye phakathi kwabo
Amagama abazalwane abakhethiweyo asezomenyazelwa izikhathi eziningana Uma kungethulwa isikhalo sempela, kulandela ukugeotshwa kwabo ngohlelo olufaneleyo

23. isikhundla sababonisi
Ngaphandle komsebenzi abawenza ababonisi kanye nezikhonzi zeZwi njengokuba kushiwo ephuzwini 16. bayaqaphela ngaphezu kwalokho ukuba izikhonzi zeZwi nalabo abangababonisi kanye nabo namadikoni bakhonze izikhundla zabo ngokuthembeka. Futhi bayakha ibandla ngokuvakashela amalunga alo ngaphambi nangasemuva kwesidlo njengokuba kungenzeka. bawaduduze bawafundise, futhi bafakazele inkolo yobuKristu kwabangaphandle

24. ukukhetha amadikoni
Njengokuba kwenziwa ebabonisini, kufanele ukugcinwa ngokunjalo ngokukhethwa nokwamukelwa nokugcotshwa kwamadikoni

isikhundla samadikoni

Ngomsebenzi wawo amadikoni aqoqa ngokuthembeka iziphiwo zothando ezemali nezempahla eziphiwa abampofu, ababele kahle ngokwezidingo zabebandla nezabante ngemva kokuba esezetshise kahle.

Futhi avakashela aduduze abasosizini abone kahle ukuthi iminkelo ayichithwa. Amadikoni mawabikele umkhandlu ngemisebenzi yawo, abikele nebandla futhi ngohlelo lomkhandlu uma kungase kuvele isifiso esinjalo kulo

26 Amadikoni mavacele ukukhulumisana nezinye izimiso nezakhiwo zesihawu ezisiza abampofu ukuze iziphiwo zabelwe kahle abaswela kakhulu

isikhathi sokukhonza kwababonisi namadikoni

27 Nesikhathi senkonzo yababonisi namadikoni sikhlelwa ngumkhandlu njengokuba lisizakale ibandla. Uma isikhathi sokukhonza kwabo siyiminyaka emibili noma ngaphezulu, ixenye elingene yababonisi namadikoni mayiphumule iminyaka yonke

ukuxhumana kwesonto nombuso

28 Kuyimfanelo yemibuso njengezimiso zikaNkulunkulu yokusiza noku-londoloza isonto nabaphathizikhundla balo. Ngokunjalo ke kuyimfanelo yabo bonke abefundisi nababonisi namadikoni yokufundisa ibandla ngokuthembeka ukulalela nokuhlompha okuwufanele umbuso; mabazame futhi ngokumesaba uJehova ukuba kuvuswe kugcinwe uxolo lombuso maqondana nawo.

Kuyimfanelo futhi yemihlangano yesonto yokugcina ukuxhumana nombuso ukuba kutholakale usizo lwawo; okokugcina imihlangano mayifakaza phambi kombuso njengcsonto likaKristu lapho kudingekile khona

ISIAHLUKO II IMIHLANGANO YESONTO

Ngenjongo yalemihlangano

29 Imihlangano yesonto ezogcinwa nansi umkhandlu, iklasisi, isinodi lesifundazwe, isinodi lesizwe, isinodi elibanzi.

Ngomsebenzi weklasisi

30 Imihlangano yesonto mayidingide izindaba zesonto kuphela, makwenzeke futhi ngomthetho wesonto

Emihlanganweni emikhulu ngokwenani kudingidwa lokho kodwa okungenakuqedwa emihlanganweni emincane ngokwenani noma okuhlalane ngokwakho nemihlangano emikhulu ngokwenani

Ngesinqumo zemihlangano emikhulu ngokwenani

31 Okunqunywe emihlanganweni wesonto yivoti leningi kwamukelwa njengokuqeda indaba kubophe, uma kungafunyanwa ukuthi kuphambene neZwi likaNkulunkulu noma namaphuzu eNkambiso yeSonto.

Onesikhalo sokuthi woniwe ngesinqumo somhlangano omncane ngokwenani, unelungelo lokudlulisa isikhalo sakhe emihlanganweni omkhulu ngokwenani.

Ngokuvulwa kwemihlangano yebandla

32 Imihlangano yonke ivulwa ngokulibiza igama likaNkulunkulu ivalwe ngomkhuleko wokubonga.

Ngencwadi yokuthunywa

33 Izithunywa ezithunyelwe emihlanganweni namabandla maziphathe izincwadi zokuthunywa kwazo kanye nemiyalezo, konke kusayinwe yilabo abazithumayo.

Yilesi nalesosithunywa sinelungelo lokuvota kuzo zonke izindaba ngaphandle kwalezo eziqondene naso uqobo noma nebandla laso

Ngokuholwa kwemihlangano

34 Kuyo yonke imihlangano kufanele kube-khona kanye nomgcinisihlalo umbhali ukuba abhale ngobuqotho konke okubalulekile.

35 Kuyo yonke imihlangano yamabandla umgcinisihlalo makubeyisikhonzi seZwi. Nguyena owethula achaze okufanele ukuphathwa, aqankani nabanochuku, abalaye ngendlela efanele nxa bengalaleli.

Umsebenzi wakhe uphela ngokuvalwa komhlangano.

Ngegunya ebandleni lesonto

36 Lona lelogunya elinalo iklasisi phezu komkhandlu, linalo ngokunjalo nesinodi lesifundazwe phezu kweklasisi, linalo nesinodi elibanzi phezu kwesinodi lesizwe.

Ngomkhandlu

37 Kuwo wonke amabandla kufanele kube-khona umkhandlu okukuwo isikhonzi noma izikhonzi zeZwi kanye nababonisi. Umkhandlu uzohlangana izikhawu ezilingene phansi kwesikhonzi seZwi esigcina isihlalo. Lapho kukhona izikhonzi ngaphezu kwesisodwa, isihlalo sithathwa ngokudedelana.

Ngokuphenywa komkhandlu omusha

38 Iseleleko seklasisi sidingekile nxa kuphenywa umkhandlu ngokokuqala noma kuphenywa kabusha. Nxa kukhona ababonisi abayingcosana, amadikoni angangena emkhandlwini njengamalunga awo njengokwenza kwaleyondawo. Lokhu makwenziwe ngezikhathu zonke uma ababonisi bengaphansi kwabathathu.

39 Amabandla angakabinawo umkhandlu, abekwa yiklasisi phansi kwesandla somkhandlu oseduze.

Ngomhlangano wamadikoni

40 Amadikoni afanele ukuhlangana ngezikhathu ezithize ukuba aphahe ezesikhundla zawo ebiza igama likaNkulunkulu.

Isikhonzi seZwi masizibeke kahle sibe-khona phakatu, kwawo uma kudingekile.

Ngokumisa iklasisi

41 Iklasisi lingumhlangano wamabandla akhelene athumela khona kuba-yilelo nalelo isikhonzi seZwi nombonisi noma ababonisi ababili lapho kungekho-sikhonzi. Iklasisi yilo elinquma ngendawo nosuku lomhlangano ozayo, kungabi ngaphezu kwezinyanga ezintathu.

Kulemihlangano izikhonzi zeZwi zithatha isihlalo yileso naleso ngethuba laso noma kuba-yiso esikhethwa ngumhlangano; nokho sona lesi singekhethwe emhlanganweni emibili elandelayo.

Onesihlalo uzobuza okunjengalokhu:

amabandla anayo imihlangano yomkhandlu yini; isibuyiso sesonto siyasetshenziswa yini; abampofu bayanakekelwa yini; imfundo yobuKristu iyaqashelwa yini; amabandla ayasidinga yini iseleleko nosizo lweklasisi ukuze aphahe kahle.

Emhlanganweni wokugcina owandulela isinodi lesifundazwe, kukhethwa izithunywa ezizokuya khona.

Ngabafundisi eklasisi abangeyizo izithunywa

42 Ebandleni elinezikhonzi ngaphezu kwesisodwa, nalezo ezingathunywe ngephuzu elingenhla, zingangena eklasisini zibe-nevoti elelulekayo.

Ngokulayana kwamalunga emihlangano emikhulu ngokwenani

- 43 Ekgucineni komhlangano weklasise neminye imihlangano yamabandla bonke abenzé okusolekayo khona emhlanganweni noma abeyisè ukukhuza kwemihlangano emincane ngokwenani, mabalaywe

Ngomsebenzi wamavisitatore

- 44 Iklasise lizophathisa izikhonzi zeZwi - kungabi ngaphansi kwezimbili - ezindala nezivumthiwe nezilungele umsebenzi wokuvakashela wonke amabandla alo ngezikhathi ezimiswayo.

Zizonbona khona ukuthi abaphethizikhundla bayenza ngokuthembeka yini imisebenzi yabo; bayabambeleva yini emfundisweni emhlophe; bayagcina yini iNkambiso yeSonto kukho konke; bayakhuthaza yini ukwakhiwa kwamabandla abo kanye nemfundo yentsha ngawo wonke amandla abo.

Kanjalo zingasola ngesikhathi esiyiso njengabazalwane abaphethe budedengu noma yini, zisize ngeseluleko nangesenzo konke okusiza ukuthula nokwakhiwa kwesonto

Ngokubiza iklasisi

- 45 Yilowo nalowomhlangano wamabandla mawumise umkhandlu obhalayo noma izithunywa zokubhala ezamukela zigcine zonke izincwadi nemibhalo yomhlangano, zibone futhi ukuthi umbiko wezenzo zomhlangano odlulé ubesemhlanganweni ozayo

Futhike yilowo nalowomhlangano wamabandla umisa umkhandlu obizayo; yiwu lowo obiza umhlangano ozayo uwamukele endaweni nasesikhathini esinqunywayo

Nxa lendlela eshiwo ngenhla ingenakwenzeka mayelana namasinodi, umkhandlu obizayo ungabiza isinodi lesifundazwe lihlangane kwenye indawo noma ngesikhathi esinye ngeseluleko seklasisi; ngokunjalo umkhandlu ungabiza isinodi lezwe lonke ngeseluleko sesinodi lesifundazwe

Ngokudlulisa izindaba esezinqunywaye

- 46 Imiyalezo emayelana nezindaba ezizodingidwa emihlanganweni yamabandla ayizukubhalwa andukuba kuhlolisisewe osekunqunywaye okuqondene nazo emasinodini adlulileyo. Njengoba osekunqunywaye ngaphambili kungesenakuphakanyiswa ngokwesibili, kuphela uma kufunyanwa ukuthi kudingekile ukukuguqula.

Ngesinodi lesifundazwe

- 47 Isinodi lesifundazwe lingumhlangano wamaklasisi akhelene, yilelo naleloklasisi lithumela khona umumo ofanayo wezikhonzi zeZwi nababonisi njengokuba kuhlélwé yisinodi lesifundazwe Isinodi lesifundazwe lihlangana kanye ngonyaka; kungabizwa umhlangano ophuthumayo uma kudingekile kodwa makwenzeke ngombono wamaklasisi okungenani amabili

Ngokuxhumana phakathi kwamabandla ahlukeneyo

- 48 Wonke amaklasisi namasinodi esifundazwe namasinodi esizwe phakathi kwamabandla anehlanguyelo eyodwa yesinodi elibanzi, angahlela izindlela zawo zokuxhumana namaklasisi akhelene noma namasinodi esifundazwe akhelene namasinodi esizwe njengokuba kufunyanwa ukuthi kuyakha inhlalakahle yawo wonke amabandla.

NgamaDeputees lesinodi

- 49 Yilowo nalowomhlangano wamabandla umisa izithunywa ukuba zenze okunqunywaye ngesiyalelo esilotshiwe kahle. Isinodi lesifundazwe limisa izithunywa zokusiza amaklasisi kuzo zonke izindaba ezinzima ezingase zivele, nezizokuba-khona

ekuhloleni kwezimfunda (peremptoir) Kufanele kumiswe izithunyuwa ezehlukene ngokwezindaba

Izithunyuwa lezi zifanele ukubhala phansi umsebenzi wazo ukuyobika emihlanganweni yamabandla. Ngumhlangano wodwa owazimisa, onelungelo loku-zikhipha futhi esiyalelweni sazo

Ngesinodi lesizwe

50 Isinodi lesizwe lingumhlangano wamasinodi esifundazwe onke (noma wemihlangano emincane ngokwenani); yilelo nalelosinodi lesifundazwe (noma yilowo nalowomhlangano omncane ngokwenani) lithumela khona umumo ofanayo wezikhonzi zeZwi nababonisi njengokuba kuhlelwe yisinodi lesizwe.

Isinodi lesizwe lihlalanga kanye ngeminyaka emithathu; kungabizwa umhlangano ophuthumayo kuphela nxa ngombono wamasinodi esifundazwe - okungenani amabili - (noma ngowemihlangano emincane ngokwenani) kukhona isidingo sokukwenza lokho

Ngesinodi elibanzi

51 Isinodi elibanzi lingumhlangano wawo wonke amasindoi esizwe, yilelo nalelosinodi lesizwe lithumela khona umumo ofanayo wezikhonzi zeZwi nababonisi njengokuba kuhlelwe yisinodi elibanzi.

Kungabizwa umhlangano ophuthumayo noma ohlangana ngaphambi kwesikhathi esinqunyuweyo kuphela nxa ngombono wamasinodi esizwe - okungenani amabili - kukhona isidingo sokukwenza lokho.

Ngokuxhumana phakathi kwamabandla

52 Ukubhalelana nokusebenzisana noma ukuxhumana kwamasono namasono angaphandle kwenhlanganyelo yesinodi elibanzi, kuhlelwa khona esinodini elibanzi

ISAHLUKO III

IMFUNDISO NAMASAKRAMENTE NEMINYE IMIKHUBA

Ngokwamukela nokusayina iziMvume ezintathu zoBunye

53 Izikhonzi zeZwi noprofesa beKholiji leTheology bafanele ukwamukela ngokusayina iziMvume ezintathu zoBunye njengokuba zimiswe yiSinodi laseDordrecht 1618-19. Abenqabayayo ukwenza njalo bamelwe ukusasipendwa (ukumiswa) khona-lapho esikhundleni sabo ngumkhandlu noma yiklasisi, ngokunjalo oprofesa basasipendwa yisinodi lesizwe baze baziphendulele kukho konke. Nxa benqaba ngenkani mabakhishwe ngokupheleleyo enkonzweni yabo

54 Ngokunjalo nababonisi namadikoni nabavunyelwe yiklasisi ukuba yizimfunda, bafanele ukuzamukela ngokusayina leziMvume zoBunye

Ngendlela yokuphakamisa imfundiso ebandleni

55 Izikhonzi zeZwi nababonisi basebenzisa izindlela zokufundisa nezokuphikisa nezokuxwayisa nezokulaya enkonzweni yeZwi nasekufundisene kwesonto naseku-vakasheleni imizi, yilowo nalowo ngokwesikhundla sakhe. Kugcinwa kanjalo imfundiso emihlophe ebandleni, kuvikwe izimfundisoze nezimfundiso ezedukisayo

Umbhabhadiso

56 Isivumelwano sikaNkulunkulu masiqinise ezinganeni zamaKristu enkonzweni ngombhabhadiso ongwele masinyane ngohlelo olufanele

57 Izikhonzi zeZwi zizoqaphela ukuthi uyise, unina noma abaphathi bacelele

izingane zabo umbhabhadiso

58 Izikhonzi zeZwi zisebenzisa izinhlelo ezehlukene ezifanele ngombhabhadiso wezingane nowabakhulile

59 Abakhulileyo batshalwa ebandleni ngombhabhadiso bamukelwe njengamalunga esonto: ngakho kubafanele ukudla isidlo seNkosi njengokuba bathembisile embhabhadisweni wabo

60 Amagama abhabhadisiweyo nawabazali nawabaphathi babo amelwe ukubhalwa phansi kanye nosuku lokuzalwa nalombhabhadiso.

Isidlo

61 Yilabo bodwa abamukelwa esidlweni esingcwele abavumé ukukholwa kweReformed njengokuba kwenziwa ebandleni lasekuthini benobufakazi futhi bokuhamba okuqotho

Abavela kwamanye amabandla ayo yona keyonhlanganyelo, abafanele ukuvunyelwa bengenabo ubufakazi obunjalo

62 Yilelo nalelobandla lizohlela isidlo kangokuba lakheke kahle ngombono walo. Nokhoke, imikhuba yangaphandle njengokuba iyaliwe eZwini likaNkulunkulu ingeguqulwe, kugwenywe konke okungeyikho ukukholwa okuqotho; futhi kufundwa emva kwentshumayelo nemikhuleko ejwayelekile uhlelo lwesidlo esingcwele kanye nomthandazo ohambisana naso.

63 Isidlo seNkosi masidliwe okungenani izinyanga ezintathu

64 Inkonzo yesidlo mayenziwe kuphela enkonzweni yesonto, ababonisi bekhona beyiqaphela

Ngenkonzo yomngcwabo

65 Izintshumayelo zabafuleyo nezinkonzo zabo zingengenise emabandleni

Ngenkonzo yokuxusa

66 Ngezikhathi zempi nombulalazwe nenhlelekele esizweni sonke nezinye izinsizi ezinkulu ezinjé ezikucindezela kwazo kuzwiwa nxazonke emabandleni, iklasisi elikubekelwe lokho yisindi elibanzi, lizomemezela usuku lokuzithoba nelokukhuleka

Ngemikhosi yobukristu

67 Indaba yokugcina imikhosi yobuKristu njengoKhisimuzi, iPasika, iPentekoste noKwenyuka yilungelo lebandla lasekuthini

Ngentshumayelo yemfundiso

68 Izikhonzi zeZwi zizochaza ngeSonto, ikakhulu enkonzweni yesibili, ingqikithi yemfundiso yobuKristu njengokuba iKhathekizimu laseHeidelberg liyiqukethe, zize ziliqede ngokwenzindima zalo - uma kungenzeka- imunyaka yonke

Ngokucula amaculo enkonzweni

69 Kuhlatshelwa emabandleni amaHubo ayikhulu namashumi amahlanu, imiYalelelo eyishumi, uBaba wethu, namaculo okudumisa kaMariya nakaZakariya nakaSimeyoni. Ukucula amanye amaculo eBhayibheli avunyelwe yisindi, kusemandleni emikhandlu

Ngokumisa umshado

- 70 Imikhandlu mayiqaphele ukuthi umshado ugujwe uyisibopho esingcwele eNkosini, ngohlelo olufanele

ISAHLUKO IV ISIBUYISO SESONTO

Ngemvelo yesibuyiso sesonto

- 71 Njengoba isibuyiso sesonto esikaMoya, sifanele sobe-khona esontweni ngaphandle kwesijeziso sombuso, ukuba simele udumo lukaNkulunkulu, isoni sibuyisane nesonto nomakhelwane waso, kukhishwe isikhubekiso ebandleni likaKristu.

Amalunga ngezono zangasese

- 72 Uma umuntu ona imfundiso emhlophe noma ukuhamba okuqotho, kufanele kujanjwe ngendlela njengokuba iyalezwe ngokuchachile nguKristu kuMathewu 18 ; nokho kujanjwa ngalendlela kuphela uma koniwe ngasese, kungakabi-yisikhubekiso esisobala.

- 73 Izone zangasese esilayiwe ngazo isoni ngumuntu oyedwa noma phambi kofakazi ababili noma abathathu, sibuye sizisole ngazo, zingethulwe phambi komkhandlu

Amalunga ngezono ezisobala

- 74 Onganakile ngemva kokuba eselayiwe ngothando ngenxa yesono sangasese ngababili noma ngabathathu, noma owenze isono esisobala, eyakhe indaba izobikwa emkhandlwini

75

Izone zonke ezisobala ngokwazo noma ezibe-sobala ngokudelela ukulaya kwesonto, zixelolwa nxa kukhona izimpawu zokuzisola ezanele, yilowo nalowomkhandlu uzonquma ngendlela okwenziwa ngayo ukubuyisana ukuze lakheke kahle isonto. Lapho kukhona ukungezwani emkhandlwini kokuthi ukubuyisana kuzokwenziwa obala yini, indaba mayinqunywe ngeseluleko semikhandlu emibili evakhelene

Ngesoni esinenkani

- 76 Abalahlal ngenkani ukulaya komkhandlu nalabo abenze isono esisobala noma abasuke benze isono esikhulu, bamelwe ukwenqatshelwa amasakramente eNkosi.

Ngokukhishwa kwesoni esontweni

- 77 Abenqatshelwe amasakramente nabalokhu belaywe, nokho abangabonisi ukuzisola noma kanjani kodwa abaphikelela ngenkani esontweni, bafanele ukuvalelwa ngaphandle ngesinyathelo sokugcina sesibuyiso ngukunqunywa ebudlelaneni besonto ngohlelo olufanele
Kodwa ngaphambi kokunqunywa kokugcina kufanele ukwenziwa izimemezelo ezintathu ezisobala ebandleni: yilezi ezazisa isiphambeko sesoni kanye nakho konke okwenzelwe isoni ngokusilaya, ngokusenqabela amasakramente, ngokusisola njalo nokuthi nokho asiphendukanga. Ibandla malikhuthazwe kulezizimemezelo ukukhuluma nesoni nokusikhulekela.
Esimenyezelweni sokuqala igama lesoni malingakashwisi sisadatshukelwa kancane Kwesesibili kumenyezelwa negama laso ngeseluleko seklasisi.
Kwesesithathu ibandla laziswa ukuthi isoni nxa singaphenduki, sizonqunywa ebudlelaneni besonto, ukuvalelwa kwaso ngaphandle kungenzeka kanjalo ngemvume ethule yebandla (ukuthula kwebandla kusho ukuvuma) uma sisaphikelela njalo Umkhandlu unquma izikhawu zezimemezelo ngokwezindaba

Ngokubuyela esontweni konqunyweyo

78

Uma onqunywe efisa ukubuyisana nebandla ngokuzisola, makumenyeselwe ebandleni ngaphambi kokudla isidlo esingcwele noma ngelinye ithuba elifaneleyo. Lomuntu bese amukelwa futhi obala esidlweni esizayo, kufakazelwe ukuphenduka kwakhe, ngohlelo olufanele, nxa kungekho oethe isikhalo

abaphathizikhundla

79

Abaphathizikhundla abenza isono esikhulu esisobala esiyihlazo esontweni noma esiletha icala phambi kombuso, basasipendwa (bamiswa) okwamanje khona-manjalo esikhundleni sabo.

Ababonisi namadikoni basasipendwa (bamiswa) noma bakhishwa esikhundleni sabo ngumkhandlu wabo kanye nomkhandlu owakhelene noma izithunywa zemikhandlu emibili eyakhelene.

Izikhonzi zeZwi ziyasasipendwa (zimiswa) kuphela ngumkhandlu wazo kanye nomkhandlu owakhelene noma izithunywa zemikhandlu emibili eyakhelene, iklasisi linquma ngeseluleko sezithunywa zesinodi lesifundazwe ukuthi zizokhishwa ngokupheleleyo yini ezikhundleni zazo.

80.

Nazike izibonelo zezono ezinkulu ezizasipenda nezikhapha abaphathizikhundla enkonzweni yabo: yimfundiso yamanga noma imfundisoze, ukuqembula okusobala, ukuhlambalaza okusobala, ukuhweba ngezikhundla (simony), ukuhlubuka inkonzo ngokungathembeki, ukugxambukela inkonzo eyomunye, ukufungela amanga, ukuphinga, ukufeba, ukweba, ubuqola, ukudakwa njalo, ukulwa, ukuhahela mzuzo, kafushane zonke izono nezinegiso ezihlaza umenzi wazo ezweni nasesontweni.

81.

Izikhonzi zeZwi nababonisi namadikoni mabazenzele bebodwa isibuyiso njengamaKristu, balayane ngomoya wobumnene ngenkonzo yesikhundla sabo

izincwadi zokwemuka

82.

Abasuka ebandleni ngokuthutha bazonikezwa ngumkhandlu mawadi yokwemuka (ubufakazi) eqondene nokuvuma nokuhamba kwabo esayiniwe amalunga amabili awo

abampofu abemukayo

83

Abampofu abemuka ebandleni ngezinzathu ezinhle baphuwa ngamadikoni ngokwesidingo sabo usizo ngombono wawo. Futhi azothintana namadikoni ebandla lapho beya khona ngokuqhubeka kwesondlo sabo

isiphetho

84

Alikho-bandla elingabusa phezu kwamanye amabandla, nasikhonzi seZwi phezu kwezinye, nambonisi phezu kwabanye, nadikoni phezu kwamanye noma kanjani.

85

Amasonto akwamanye amazwe aneminye imikhuba ehlukene neyethu, angelahlwe ezintweni ezingabalulekile.

86.

Lawamaphuzu aqondene nohlelo lwesonto ngokomthetho amiswe amukelwe kanjalo ngwazi linye ukuzekuthi abe-nokuguquleka, enezeleke, aphunguleke ngokwesidingo sesonto. Kodwa alikho-bandla noma iklasisi noma isinodi elinelungelo lokwenza njalo njalo ngokwalo, kanti wonke mawakhuthale ukuwagcina kuzo kunqunywe okunye yisinodi elibanzi, amabandla nokhu anelungelo lokweluleka njalo ngendlela yamasinodi esizwe